



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMHLANGANWENI WEKWANATACO MHLAKA 05 DECEMBER 2008**

Nginyanibingelela nonke.

- Kuyintokozo ukuthi ngibe kulo mhlango weKwaZulu-Natal Taxi Council (KWANATACO) namhlanje. Imihlangano enjengalena ihlale inginika ithemba ngekusasa.
- Ngiyazi ukuthi kuningi okuhle okwenzeka embonini yamatekisi kodwa okungaziswa umphakathi. Ngiyazi futhi ukuthi kunomqondo wokuthi uhulumeni ufuna ukuqeda imboni yamatekisi. Kodwa ngifuna ukuninqinisekisa ukuthi inhloso yalo hulumeni ngukwenza imboni ibe ngcono kunesikhathi saphambilini.
- Yingakho nje uhulumeni etshale imali engu-R6 million kulo nyaka wezimali ukulekelela imboni yamatekisi emisebenzini yasemahhovisi esifundazweni.
- Njengoba iNdebe yoMhlaba ka-2010 isisemnyango, kudingeka siqinise ubudlelwano phakathi kwabanikazi bemboni nabagibeli ukuze singangeni ehlazweni lokuhluleka ukusingatha nokuthutha kahle izihambeli zethu kulo mcimbi oyingqayizivele.

- Kumele sikwazi ukubhekana nalezi zinselelo ngaphambi kokuthi siziqhenye ngokuthi sizokwazi ukusingatha izithameli ezingaphezulu kuka-350 000 ezizobuka iNdebe yoMhlaba.
- Ngakho-ke nginxusa futhi ngikuthaza abanikazi bemboni ukuthi baphathe ibhizinisi labo ngokucophelela ukuze kuphephe umphakathi futhi baqinisekise ukuthi izimo zokusebenza kwabashayeli ziba ngcono. Isikhungo iTransport Academy esisanda kusethula sizinqinisekisa ukuthi izinhlelo zethu zezokuthutha ziba sesimweni esifanele nangemuva kwe-FIFA 2010 World Cup.
- UMnyango uyasuka ohlelweni lokwakha amarenki ngokwehlukana awamabhasi nawamatekisi. Manje sifuna ukuqinisekisa ukuthi zonke izithuthi zididiyelwa esikhungweni esisodwa. Lokhu kuzosiza ukugqugquzela ukusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi esifundazaweni, kuzosiza kakhulu futhi nabagibeli.
- KwaZulu-Natal naseNingizimu Afrika yonke, sisabhekene nesimo lapho ukuhlelwa kwamadolobha kwaphambilini bekungazihlinzeki ngokwenele izithuthi zomphakathi. Lona kusengumsebenzi omasipala bethu okumele bawubheke ekuhleleni ukusebenza kwezithuthi zomphakathi, ekuthuthukisweni kwengqalasizinda nasekusetshenzisweni komhlaba.
- Kumele uphele lo mqondo oyilimazayo imboni yamatekisi wokuthi ngeyababulali. Lokhu kumele kwenzeke ngokuthi kuvezwe obala amazambane abolile ngaphakathi ukuze imboni ivikeleke. Kumele nikhombise ukuthi imboni yamatekisi ikufanele ukuthi umuntu atshale imali kuyona. Ukuziphatha kwenu yikona okuzocacisa ukuthi nihlala nikhona noma cha.

- Uma njengabantu nizwana lokho kuyokhombisa ukuthi niyikhathalela kanjani impilo. Yiloku khathazeka okuyokhombisa nezitha zenu ukuthi ngempela niyibhizinisi elibalulekile elingaphumelela.
- Uma niqhubeka nokuhlupha abantu abaxhasa ibhizinisi lenu – abagibeli nabanye abasebenzisi bomgwaqo – ngeke niphumelele. Ngezinye izikhathi, uhulumeni kudingeka uthathe izinyathelo eziqinile ukubhekana nezimpi zamatekisi ukuze kuvikeleke izimpilo zabantu abangenacala.
- Kodwa-ke thina njengohulumeni angeke sakwazi ukuvumela abantu baqhubeke nokulimala ematekisini ngenxa yezimo zezimoto, ukungaqeqesheki kahle kwabashayeli kanye nokungabi nendaba nezimpilo zabantu. Angeke savuma ukuba abantu abangenacala baqhubeke nokushona ngoba kunososesheni abangakwazi ukuvumelana ngemizila okumele basebenze kuyona.
- Nginethemba lokuthi sikhuluma ngosomabhizinisi abavuthiwe abafuna kuphela ukubona inqubekela phambili kwezomnotho. Imboni yenu iyona enkulu emabhizinisini aphethwe ngabantu abamnyama. Njengohulumeni kungumsebenzi wethu ukusiza osomabhizinisi bakithi, kodwa ngeke sikwenze ngaphandle kokubambisana nani.
- Sengiphetha, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhlome uphelele futhi usukulungele ukubhekana nanoma yiziphi izephulamthetho. Uma ucabanga ukwephula umthetho ngalesi khathi sikaKhisimusi, qala manje uvalelise emndenini wakho bese uzilungiselela ukuhlala ejele. Ungabaleka kodwa ngeke ucashe.

Ngiyabonga